



ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Isu leMikhakha
eHlukahlukene
esiFundazweni
lokuBhekana neSandulela
Ngculazi, neNgculazi
uQobo, nezifo ezithelana
ngokoCansi, neSifo
soFuba lika 2012 - 2016
lakwaZulu-Natali



KUNGABI KHONA UKUTHELELEKA **OKUSHA**
KWESANDULELA NGCULAZI NENGULAZI
UQOBO NESIFO SOFUBA

OKUQUKETHWE

- 02. Isingeniso.
Umbono, injongo izinqubo kanye nenhloso
- 03. INgqikithi neZimo zeSu le-KZN HAST
- 04. Izinjongo zesu
- 05. Uhlaka Lwesu
- 09. UkuBusa nokuLawula
Ukuqapha, ukuHlola nokuCwaninga
- 10. Annexure



Isingeniso

Isu lesiFundazwe saKwaZulu-Natali lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba lika 2012-2016 libeka imikhombandlela ecacile ezosiza ekubhekaneni neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba eminyakeni eyisihlanu ezayo. Lelisu lakhiwe ngemuva kokubonisana nabantu abehlukahlukene nangemuva kokuba sekubuyekezwe isu elidala, okuyiSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi kanye neSifo soFuba lesiFundazwe saKwaZulu-Natali (KZNPS) ka-2007-2011.

Umbono, injongo, izinqubo kanye nenhloso

Isifundazwe sesibeke umbono weminyaka engamashumi amabili lapho kuyoqedwa khona ukusabalala kweSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba, lapho kuyonqandwa khona ukufa kwabantu ngenxa yeSandulelangculazi kuphinde kunqandwe ukucwasana, lapho wonke umuntu eyophila impilo esezingeni elifanele. Ngalo mbono, abantu baKwaZulu-Natali bazibophezele kwisu elididiyelwe kahle, elilawula kahle liphinde lisebenze kahle ekubhekaneni neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba elakhelwe phezu kobufakazi obukhona futhi elihlose ukuqeda konke ukusuleleka kwabantu liphinde liqinisekise ukuthi nalabo asebesulelekile kanjalo nabakhahlanyezwe iSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba baphila impilo esezingeni elifanele. Ukuze kufezekiswe lo mbono, isifundazwe siqaphela kakhulu izinqubo ezizosiza ekufezekiseni lo mbono.



Lezi zinqubo:

1. ukubeka izinto obala nokuba nesibopho sokubika;
2. ukusebenzisana, ukubambisana nokuthi sonke sibe nesibopho sokubika;
3. ukubandakanya nokusebenzisana nomphakathi;
4. ukuhlonipha amalungelo abantu nokulingana;
5. noBuntu nesiThunzi

Ngaphezu kokuba isisekelo okuzokwakhelwa phezu kwaso izinhlelo zabo bonke ababambe iqhaza esifundazweni, lelisu liphinde libe isilinganiso okuzobhekwa ngaso inqubekelaphambili yawo wonke amasu okubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba esifundazweni.

Okwesibili, lelisu lizosebenza njengethuluzi lokugqugquzela nokuhlanganisa izinsiza zokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba.

INGqikithi neZimo zeSu le-KZN HAST

Isu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba lihlanganiswa nayo yonke imizamo eyenziwayo emhlabeni jikelele, kuzwelonke nasesifundazweni. Ngakho-ke ngeke lisetshenziswe lodwa. Ngenxa yalokhu, iSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi lesiFundazwe lika-2012-2016 lakhelwe kwisisekelo semizamo eminingi eyenziwayo emhlabeni jikelele, kuzwelonke nasesifundazweni. Lakhiwe lahambisana futhi lafana neSu lokuBhekana neSandulelangculazi neNgculazi likaZwelonke lika-2012-2016, ne-PGDS kanye noHlaka lweSu lwesiKhashana lwaseNingizimu Afrika, 2009-2014. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi lelisu liba negalelo ekutheni kufezekiswe izinhloso zentuthuko zesifundazwe nezikazwelonke. Ngaphezu kwalokho, lelisu lisungulwe ngokubhekelela ezokubusa nezokuphatha; amasiko ezomdabu nezomnotho



Izinjongo zesu

- Ukwehlisa ukuthelelana okusha kwezifo zocansi, iSandulelangculazi nesifo sofuba kube ngaphansi kwe-50% ngo-2016
- Ukwehlisa amazinga okufa kwabantu, ukugcina abantu bephilile nokuphucula izinga lempilo okungenani ngama-80% ukuba u-70% walabo abadla amaphilisi babe besawadla ngo 2016
- Ukuvikelwa kwamaLungelo aBantu, ukufinyelela kobulungiswa nokwehliswa kokubandlululwa kwabantu abaphila neGciwane nesifo soFuba ngo 50%

Injongo enqala yesifundazwe saKwaZulu-Natali ngeSu leMikhakha eHlukahlukene esiFundazweni lokuBhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba lika-2012-2016 ihambisana neSu leZwe lokuBhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba lika-2012-2016

Amaphuzu abalulekile aloluhlaka

1. Ukubhekana nezimo ezahlukahlukeni ezibhebhethekisa iSandulelangculazi, izifo ezithathelana ngokoCansi nesifo soFuba ekubeni kube nokuvikeleleka, ukunakekeleka nomthelela walezizifo
2. Ukuvikeleleka kwiGciwane leSandulelangculazi, kwesifo esithathelana ngokoCansi nesifo soFuba
3. Ukwakha iMpilo eNgcono
4. Ukuvikelwa kwamaLungelo aBantu nokufinyeleleka kobulungiswa
5. Ukudidiyela, ukuQapha nokuHlola



Uhlaka lweSu

Imigomo eyimikhombandlela yoHlaka lweSu yilena:

- (1) Imiphumela esuselwe ebufakazini;
- (2) Ukusebenzisa indlela ebhekelela amalungelo nehlonipha ubulili;
- (3) Ukuphuculwa;
- (4) Ukuhambisana;
- (5) Ukwenza izinto ngendlela efanele;
- (6) Ukuzibekela imigomo efezekayo;
- (7) Ukusimamiswa komphakathi;
- (8) Ubuholi obuzibophezele;
- (9) Ukusebenza nemikhakha ehlukahlukene; kanye
- (10) Nokusebenzisana.

Uhlaka lwemiphumela lwakha isisekelo lapho lonke isu le-KZN HAST lizokwakhelwa khona eminyakeni emihlanu ezayo. Luhlinzeka ngohlu lwemiphumela olucacile oluzoholela ekutheni kufezekiswe umbono wesikhathi eside wesifundazwe mayelana nokubhekana neSandulelangculazi, iNgculazi, iZifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba njengoba kukhonjiswa kulo mdwebo ongezansi.

Uhlaka lwemiphumela lwakhelwe phezu kwamaphuzu ayisihlanu abalulekile okulindelwe kuwona imiphumela futhi lumele izinhlobonhlobo zamasu acacile akhelwe ukufezekisa lezo zinhloso nezinjongo ezibekiwe. Izinjongo zephuzu elibalulekile ngalinye zibalulwe lapha ngezansi:



Iphuzu elibalulekile 1: Ukubhekana nezimo ezahlukahlukeni ezibhebhethekisa iSandulelangculazi, izifo ezithathelana ngokoCansi nesifo soFuba ekubeni kube nokuvikeleleka, ukunakekeleka nomthelela walezizifo

1.Ukunciphisa ukungenwa kalula iSandulelangculazi, izifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba ngenxa yobubha, yezinkolelo eziphathelene namasiko nokungalingani ngokobulili ngo-2016.

Izinhloso zale njongo zibhekele –

- (1) ukunciphisa ububha, ukwesweleka kwemisebenzi nokungalingani ngokobulili;
- (2) nokugqugqezela izinkolelo nezibophezelo ezinhle kwezamasiko.

Umpfumela olindelekile ukuthi kwehle ububha, kunciphe ukwesweleka kwemisebenzi namazinga okungalingani kobulili, nezimo zenhlalo yezomnotho neyezamasiko ezifanele.

Iphuzu eliBalulekile 2: Ukuvikeleleka kwiGciwane leSandulelangculazi, kwesifo esithathelana ngokoCansi nesifo soFuba

1.Ukwehlisa ukuthelelana okusha ngeSandulelangculazi kube ngaphansi kwe-1,2% ngo-2016

2.Ukwehlisa ukuthelelana okusha ngeSifo soFuba kube ngaphansi kwama-200 kubantu abayi-100 000 ngo-2016

3.Ukunciphisa izigameko zeZifo ezithathelana ngokoCansi zibe ngaphansi kwe-0.5% ngo-2016

Ukuze kufezekiswe lezi zinjongo, isu lihlose ukubhekelela la maphuzu alandelayo:

- (1) Ukushitsha indlela yokuziphatha;
- (2) Ukunqanda ukudluliselwa kwegciwane lisuka kumama liya enganeni;
- (3) Ukusokwa kwabesilisa odokotela;
- (4) Ukwelashwa kweZifo ezithathelana ngokoCansi;
- (5) Ukuhlololwa iSandulelangculazi neNgculazi;
- (6) Ukusatshalaliswa nokusetshenziswa kwamakhondomu;
- (7) Ukwelashwa kweSifo soFuba;
- (8) Ukudluliselwa kweSandulelangculazi ngegazi nangemikhiqizo yegazi;
- (9) Ukudluliselwa kweSandulelangculazi ngokulimala emsebenzini, ngodlame lwezocansi nokuphoqeelwa noma ngendlela ephambene nokuziphatha kwakho.

Imiphumela elindelekile –

- (1) ukwehla kwezigameko zokuhaqwa iSandulelangculazi kubantu bonke zibe ngaphansi kwe-1,2% ngo-2016;
- (2) ukuqeda nya ukuthelaleka kweziningane ezincane ngeSandulelangculazi ngo-2016;
- (3) ukwehlisa ukubhebhethaka kweSandulelangculazi kubantu abaneminyaka ephakathi kweyi-17 nengama-24 kufinyelela ngaphansi kwa-10% ngo-2016;
- (4) ukwehlisa ukuthelalana ngeSifo sofuba sibe ngaphansi kwa-200 abantu abathelalekayo kubantu abangama-100 000 ngo-2016;
- (5) nokunciphisa ukuthelalana ngeZifo ezithathelana ngokocansi kube ngaphansi kwa-0.5% ngo-2016.

Iphuzu elibalulekile 3: Ukwakha iMpilo eNgcono

1. Ukwehlisa amazinga okufa kwabantu, ukugcina abantu bephilile nokuphucula izinga lempilo okungenani ngama-80% kulabo abahaqwe nabahlukunyezwe igciwane ngo-2016.

Ukuze kufezekiswe le njongo, isu linenhloso yokubhekelela la maphuzu alandelayo:

- (1) ukwandisa izindlela zokwelashwa nokwesekwa, ukulandelela (ukwelashwa) kanye nokunakekelwa kwempilo yabantu abaphila neSandulelangculazi;
- (2) ukukhulisa ukwesekwa kwabantu abahlukumezekile;
- (3) ukukhulisa ukunakekelwa kwezintandane, abantu ababuthaka nezingane.

Imiphumela elindelekile –

- (1) ukwehla kwamazinga okufa kwabantu okubangelwa iSifo soFuba ngama-80% ngo-2016; kanye
- (2) nokuthuthukisa izinga lempilo yabantu abaneSandulelangculazi neSifo soFuba nemindeneni yabo ngo-2016.
- (3) 70% wabantu abadla imishanguzo yeNgculazi bebe besayidla ngo-2016

Iphuzu elibalulekile 4: Ukuvikelwa kwamaLungelo aBantu nokufinyeleleka kubulungiswa

1.Ukunciphisa ukungenwa kalula yiSandulelangculazi, iZifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba ngokuthi kusungulwe inqubomgomo yokweseka, kuhlonishwe amalungelo abantu nezimo zenhlalo ezilawulayo futhi kugqugquzelwe izindlela ezamukelekile zenhlalo esiFundazweni ngo-2016.

Ukuze kufezekiswe le njongo, kunenhloso yokuthi kubhekelelwe la maphuzu alandelayo –

- (1) Ukusimamiswa kobuholi ukuze kubhekwane nezinkolelo-ze kanye nokucwasana;
- (2) Kulandelwe imithetho ekhona nenqubomgomo yamalungelo abantu nokugqugquzelwa kobulungiswa;
- (3) Ukuthuthukiswa kwamakhono ngezinqubomgomo nemithetho ephathelene neSandulelangculazi neNgculazi neSifo soFuba;
- (4) Ukubandakanywa kwabantu abaphila neSandulelaNgculazi kanjalo nabaThanda abobulili obufanayo nabaBulilimbili nabaBuliliningi.

Imiphumela elindelekile -

Ukuthi amalungelo alabo abahaqekile nabahlukumezekile ahlonishwe ngokuthi kube nenqubomgomo yokweseka, kuhlonishwe amalungelo abantu nesimo senhlalo esilawulekayo.

Iphuzu elibalulekile 5: Ukudidiyela, ukuQapha nokuHlola

2.Ukuba nesu elididiyelwe kahle lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba elakhelwe oHlakeni lokuQapha nokuHlola olusebenzayo ngo-2016.

Izinhloso ezikhona okuhloswe ngazo ukufezekisa le njongo zibhekelela –

- (1) ukusimamisa ukudidiyela nokulawula;
- (2) ukusimamisa uhlelo lokuHlola nokuQapha emazingeni wonke; kanye
- (3) nokusimamisa uphiko lokucwaninga lwesu.

Imiphumela elindelekile -

ukuthi kudidiyelwe ngendlela efanele kanye noHlaka lokuQapha nokuHlola okuholela ekutheni kufezekiswe izimpokophelo.

UkuBusa nokuLawula

Eyokuqala kuma-“Three Ones” okuwuhlaka olulodwa lwezokudidiyela, lubaluleke kakhulu ekutheni kuqaliswe ngempumelelo iSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi esiFundazweni. IHhovisi likaNdunankulu selikhombise ukuba nobuholi ngokwepolitiki ekuqinisekiseni ukuthi izinhlaka zokudidiyela emazingeni wonke zisebenza ngendlela efanele. Izinhlaka zokudidiyela kuyomele ziqinisekise ukuthi zifeza amajoka azo ngokuphelele.

Ukwethulwa kohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe nokulihlanganisa nezinhlaka zokudidiyela mayelana neSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba kuveza ukuthi ukudidiyela nokuqapha manje sekuxhumene ngqo nohlelo lokusebenza nokuthi siyanda isidingo sokuba kube nesibopho sokubika. Lokhu sekwenze isifundazwe ukuba sihlukanise ezokuhlela izindawo ngezindawo, kubandakanya ukufakwa kohlelo lweSandulelangculazi neNgculazi kanjalo neSifo soFuba ngaphansi kwe-IDP. Nokho izinselelo zisekhona mayelana nezokudidiyela nezokulawula.

Ukuqapha, ukuHlola nokuCwaninga

Isifundazwe sinohlelo olulodwa lwezokuqapha nokuhlola okudingeka ukuba lusebenze ngokuphelele. UPhiko lwakwa-HIV & AIDS eHhovisi likaNdunankulu luzodidiyela futhi liqinisekise ukuthi uhlelo lokubika lwesifundazwe luyasebenza futhi luphinde lusungule izindlela zokubika nokuthola imiphumela eMkhandlwini weNgculazi kaZwelonke waseNingizimu Afrika. Uhlelo olusebenza kahle lokuqapha nokuhlola luzokwenza ukuba isifundazwe sikwazi ukuhlola inqubekelaphambili ekuqalisweni kwezinhlelo nasekunqumeni impumelelo yamaqhinga nezinhlalo ezikulelisu.



Imibiko yokuqapha iyona ezokwakha isisekelo sokuba kudingidwe ezinhlakeni zokudidiyela ezifana noMkhandlu weNgculazi weSiFundazwe, neMikhandlu yeziFunda yeNgculazi, neMikhandlu yeNgculazi yoMasipala baseKhaya kanye neMikhandlu yeNgculazi yamaWadi.

Kuzokwakhiwa uHlaka lokuQapha nokuHlola lweSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi nesifo soFuba kula-2012-16 oluzokuba umbhalo oseceleni futhi ozohlinzeka ngemininingwane yokuthi luzosebenza kanjani uHlaka lokuQapha nokuHlola esifundazweni. Uhlaka luzosungula umgudu ocacile wokubheka inqubekela phambili ezinhlelweni nokufezekiswa kwayo yonke imiphumela yalokho okwenziwe nomthelela obe khona.

Isifundazwe kuzomele sibeke ucwaningo emqulwini wohlelo lwaso. Ngelokhu-ke, isifundazwe sizokwazi ukuba nobufakazi obudingekayo bokuthi sithathe izinqumo ezifanele mayelana nokuhlela nokusebenzisa izinhlelo futhi siqhamuke namasu amasha angasetshenziswa ekubhekaneni nezifo.

ANNEXURE

Isimo seSandulelangculazi, iNgculazi, iZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba (i-HAST)

iKwaZulu-Natali iyona enesibalo esiphezulu sezifo eziyamaniswa nokungathuthuki kanye nobubha ezweni lonke, okubalwa phakathi kwazo iSandulelangculazi, iNgculazi, iZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba. Ucwaningo olwenziwe uMkhandlu wezokuCwaninga ngeSayensi yaBantu mayelana nezinga leSandulelangculazi eNingizimu Afrika luveza ukuthi izibalo zabaneSandulelangculazi zingama-15.8% kulesi sifundazwe, okuyisibalo esidlula



esaseNtshonalanga Kapa ngama-11.9% (okuyisona sifundazwe esinesibalo esiphansi kunazo zonke). Ukwanda kweSandulelangculazi kwabesifazane abazithwele kulokhu kuqhubekile nokuba sezingeni eliphezulu ngaphezu kwalelo likazwelonke iminyaka ngeminyaka.

Izibalo zabantu abaphila neSandulelangculazi esifundazweni zilinganiselwa kwi-1,622,870 (15.8%) wabo bonke abantu. Uma ama-30% alabo bantu bene-CD4 Count engama-200 noma ngaphansi, kusho ukuthi zilinganiselwa kwizi-486,861 iziguli ezidinga imishanguzo yokudambisa igciwane. Isifundazwe isona esizihola phambili ngezibalo zeSandulelangculazi, njengoba bezilinganiselwa kuma-2.3% ngonyaka ka-2009 uma kuqhathaniswa ne-1.8% kazwelonke.

Umthelela weSandulelangculazi neNgculazi emazingeni aphansi nasemazingeni aphezulu uqoshwe kahle. Zilinganiselwa ngaphezudlwana kwesigidi izingane eziyizintandane ngenxa yezifo ezihlobene neSandulelangculazi.

Mayelana nezifo ezithathelana ngokocansi izibalo zikhomba ukuthi izigameko zisalokhu zinjalo isikhathi eside. Isibalo sezigameko ezintsha zalesi sifo ngo-2010/2011 besimi ngaphezu kwezi-440,000. Ngaphezu kwalokho, nakuba bonke abantu abelashwayo benxuswa ukuba balethe ophathina babo ukuba belashwe, bangama-22% kuphela abeza ukuzolashwa.

Ngeshwa lesi sifundazwe siphinde sizihole phambili ngezibalo zabantu abanesifo sofuba kuzwelonke. Isifo sofuba sisalokhu siyimbangela ehamba phambili yokufa kwabantu esifundazweni, umbiko woMnyango wezeMpilo ulinganisele ekutheni isibalo sabantu abelashelwa isifo sofuba silokhu sikhulile njengoba ngo-2005 babeyizi-98,498, ngo-2007 babeyizi-109,556 kanti ngo-2009 babeyizi-118,162. Lokhu kuveza ukuthi kubantu abayizi-100 000 abayi-1,156 banesifo sofuba.



Isu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba

Isu lesifundazwe lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo ezithathelana ngokoCansi neSifo soFuba belilokhu likhona kusukela ngonyaka ka-1996; kusukela ngaleso sikhathi, izinguquko kulelisu bebenziwa ngokulandela ushintsho obeluba khona ezibalweni zeSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba. Izinhlelo eziqaliwe zibandakanya ukwakhiwa kophiko lweSandulelangculazi neNgculazi eMnyangweni wezeMpilo, ukwethulwa koHlelo lweKhabhinethi, ukwethulwa kwe-AIDS 2000 Challenge nokusungulwa koPhiko lwesiFundazwe lokuBhekana neNgculazi. Ukusungulwa koPhiko lweSandulelangculazi neNgculazi eHhovisi likaNdunankulu kugqamise isidingo sokuba kwesekwe ngezokuhlela nokudidiyela isibalo esandayo sabantu abathintekayo.

Ezingeni lokudidiyela, uMkhandlu weNgculazi wesiFundazwe iwona kuphela onikwe amandla okudidiyela amasu ezingeni lesiFundazwe ngokuhambisana nemigomo yohlelo olubizwa nge-“Three Ones”. Lokhu sekwehliselwe nasezingeni lezifunda nelomasipala basekhaya ngokuthi kusungulwe imikhandlu yeNgculazi yoMasipala beziFunda neyoMasipala baseKhaya. AmaKomidi noma iMikhandlu yeNgculazi yamaWadi esungulwayo njengamanje izosiza ukuqinisekisa ukuthi ukudidiyelwa kwala masu emazingeni amawadi kuyasimama. Usihlalo woMkhandlu weNgculazi wesiFundazwe uNdunankulu wesiFundazwe, kanti osihlalo beMikhandlu yeNgculazi yoMasipala beziFunda neyoMasipala baseKhaya kuba osoDolobha abehlukahlukene. Osihlalo beMikhandlu yeNgculazi yamaWadi kuba amakhansela alawo maWadi. Ngalokhu-ke, isiFundazwe sesiphumelele ukufeza umgomo wokuthi kube nohlaka olulodwa oludidiyela amazanga womathathu kanti manje sesibheke ukuthi lokhu kwenzeke ezingeni lesine, okuyizinga lamawadi.



Kule minyaka emihlanu eyedlule, bekunesu elilodwa lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi, neZifo eziThathelana ngokoCansi neSifo soFuba, okuyiSu lesiFundazwe lokuBhekana neSandulelangculazi neNgculazi lwaKwaZulu-Natali lika 2007-2011. Lelisu lihlose ukwakha isifundazwe esingenakho ukusulelana ngeSandulelangculazi lapho bonke asebehaqwe nabakhahlanyezwe igciwane beyophila impilo esezingeni elingcono. Beligxile ekubhekaneni neSandulelangculazi neNgculazi, ligxile kula aphuzu abalulekile alandelayo: (1) Ukuvikela; (2) Ukwelapha, ukuNakekela nokweSeka; (3) Ukulawula, ukuQapha, ukuCwaninga, nokuHlola; kanye (4) namaLungelo aBantu, uKwenziwa kobuLungiswa kanye neZimo zeNhlalo ezifanele. Ukuba khona kwesu elilodwa kuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sikwazile ukufeza umgomo wesibili we- “Three Ones.”

Ngokomgomo wesithathu “i-Third One”, isiFundazwe sisungule uHlaka lokuQapha nokuHlola oluzoveza imininingwane yezigameko ezenzekayo, yemiphumela, ngezinyathelo ezithathwayo nemiphumela yazo. Kube nemizamo yokuthi le mininingwane ikhishwe ihambisane nezinkomba ezingeni lomhlaba jikelele, likazwelonke nasezingeni lezifundazwe. Ngaphezu kwalokho, umbono wesifundazwe bekungukuba nohlelo lapho abalusebenzisayo bezoqoqa zikhathi zonke imininingwane eyethulwe ezigungwini ezithile bese beyisebenzisa leyo mininingwane ekuhleleni nasekwenzeni ngcono uhlelo.

Ngokuhambisana nalelisu lemikhakha ehlucahlukene, bonke abathintekayo KwaZulu-Natali kulindeleke ukuba babambe iqhaza futhi babe mdibi munye ekusebenziseni kweSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi nesiFundazwe saKwaZulu-Natali. Izinhlangano ezisebenzisa lelisu zahlukahlukeni ngokwamazinga, kanti uma kubhekwa i-KZN 911 HIV & AIDS Service Directory kunezinhlangano eziyi-2,532 ezizinikele ekubhekaneni neSandulelangculazi neNgculazi esiFundazweni. Eqinisweni, imisebenzi yokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi isabalele kakhulu kanti ibandakanya ukuvikela (ngokwemithi nangokokuziphatha), ukwelashwa, ukunakekela nokweseka kanye nokucwaninga nokuhlola.

Ukubuyekwezwa kweMpumelelo namaGebe abe khona eSwini lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi lesiFundazwe lika 2007-2011

Ngaphambi kokuba kusungulwe iSu lokubhekana neSandulelangculazi neNgculazi nesiFundazwe saKwaZulu-Natali lika 2012-16, kubuyekwezwe isu elidala ngenhloso yokuthi kubonakale inqubekela phambili, kuhlonzwe izinselelo namagebe nokunye okuvela emibhalweni. Lolu lwazi luzosetshenziswa ukuze kuphuculwe uhlelo olusha.

Lokhu okulandelayo wuhlu lwemiphumela emihle ebe khona ehlanganiswe ngokwamaphuzu abalulekile esu.

Iphuzu elibalulekile 1: Ukuvikela

- (1) Ukwehlisa izigameko;
- (2) Ukwehlisa ukudluliseleka kweGciwane lisuka kuMama liya eMntwaneni;
- (3) Ukuhlinzekwa kwamakhono empilo kuzo zonke izikole nokwethulwa koHlelo lwe-“My Life My Future”;
- (4) Ukwandisa isibalo sezindawo ezithathwa njengeziNesibalo esiPhezulu sokuThelelana;
- (5) Ukuba kuhlizekwe ngosizo oluphelele mayelana nemishanguzo yabasanda kuhageka;
- (6) Ukuba lonke igazi nemikhiqizo ihlolwe ngendlela eqinisekisa izinga eliphezulu;
- (7) Ukusungulwa koHlelo lokuBhekana noBubha i-Operation Sukuma Sakhe. Lolu hlelo lubalulekile ekuhlanganiseni nasekuhleleni ngendlela eyodwa zonke izinhlelo eziphathelene neSandulelangculazi neNgculazi nesifo sofuba;
- (8) Ukwenza ukuba kutholakale amanzi ahlanzekile nokuthuthwa kwendle; kanye
- (9) Nokwemukelwa koHlelo lokuSokwa kwabeSilisa oDokotela.

Iphuzu elibalulekile 2: Ukwelashwa, ukuNakekela nokweSeka

- (1) Ukwehlisa izigameko zokufa ezihlobene neSandulelangculazi;
- (2) Ukwandisa izindawo ezinohlelo lokweLulekwa nokuHlolelwa iSandulelangculazi;
- (3) Ukwandisa izibalo zabathola imiShanguzo;
- (4) Ukudidiyelwa kohlelo lokuNakekelwa kwaBantu eMakhaya;
- (5) Ukwesekwa kwezintandane, abantu ababuthaka nezingane; kanye
- (6) nokubhekana neSifo soFuba neSandulelangculazi.

Iphuzu elibalulekile 3: Ukulawula, ukuqapha, ukucwaninga nokuhlola

- (1) IsiFundazwe siwufezekisile umgomo we-“Three Ones” wokwakha uhlaka olulodwa lokudidiyela;
- (2) Iningi leMikhandlu yeNgculazi liyasebenza;
- (3) IsiFundazwe sikwazile ukwakha uHlaka lokuQapha nokuHlola olulodwa, ngalokho kufezekiswa umgomo we-“Three Ones”; futhi bonke ababambe iqhaza bayayihlonipha imigomo yezokuQapha nokuHlola.

Iphuzu elibalulekile 4: Amalungelo aBantu, uKwenziwa kobuLungiswa neZimo zeNhlalo ezifanele

- (1) Ukuzibophezela okuphelele ngokwezepolitiki.

Amagebe atholakele ngenkathi kubuyekezwa ahlinzekwe kafushane ephuzwini elibalulekile ngalinye lapha ngezansi:

Iphuzu elibalulekile 1: Ukuvikela

- (1) Imisebenzi ephathelene neZifo ezithathelana ngokoCansi ayigqamile kahle;
- (2) Ukusatshalaliswa kwamakhondomu akwenele;
- (3) Kunesibalo esiphezulu sokukhulelwa kwentsha;
- (4) Zincane izindawo ezinoHlelo lokuSokwa kwaBesilisa oDokotela; futhi
- (5) Ukudidiyelwa kwezinhlelo akwenele.

Iphuzu elibalulekile 2: Ukwelashwa, ukuNakekela nokweSeka

- (1) Imishanguzo yokudambisa igciwane ayilandelelwa ngendlela efanele
- (2) Izintandane azisizwa ngokwanele; futhi
- (3) UkuNakekelwa kwaBantu eMakhaya akwenzeki ngendlela eyanele.


Iphuzu elibalulekile 3: Ukulawula, ukuqapha, ukuCwaninga nokuHlola

- (1) Ukuhlola nokuqapha akwenziwa ngokwanele;
- (2) Ukungahlanganiswa kwababambe iqhaza ezinhlelweni zemikhakha ehlukahlukene zoHlaka lokuQapha nokuHlola; kanye
- (3) Nocwaningo olungadidiyelwe kahle.

Iphuzu elibalulekile 4: Amalungelo aBantu, uKwenziwa kobuLungiswa neZimo zeNhlalo eziFanele

- (1) Ukushoda kwemininingwane eveza ubungako bomsebenzi osuwenziwe kuleli phuzu.

District and local municipalities





PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Moses Mabhida Building
300 Langalibalele Street
2nd Floor, Room 212
Pietermaritzburg
3201